

# Uphule irekhodi leComrades uGatebe

**NONTUTHUKO NGUBANE, ZODWA NDABA noMTHOKOZISI MNCUSENI**

UBEKUHELELE ukuphula irekhodi leComrades Marathon ebese lihale iminyaka eyisithiyagalombili uDavid Gatebe ogile izimanga izolo kulo mjaho obusuka eMgungundlovu waphelela eThekwini.

UGatebe (35) waseRustenburg, eNorth West, obengabhekiwe kwabangqoba lo mjaho, ungene eKingsmead Cricket Stadium, eThekwini kwachwaza inkundla eqhoka isikhathi esingu 5:18:19.

Lo mpetha uphule irekhodi likaLeonid Shvetsov (05:20:41) waseRussia aliqoqha ngo-2007.

"Ngize kulo mjaho ngihlosile ukuzophula amarekhodi. Ngibe nomjaho omuhle kakhulu. Kuthe

sekusele u-10km ngabona kahle ukuthi isikhathi esengisigijimile siyangivumela ukuthi ngiliphule njengoba ngicine ngenzile. Ngiziqeqeshe ngokwanele njengoba ngithathe ilivu yezinyanga ezimbili emsebenzini ukuze ngiziqeqeshe kahle, ngishiywe unkosikazi wami nezingane zami ezimbili.

Ngazitshela kahle ukuthi angikwazi ukuthatha isikhathi esiningi kangaka ngiziqeqesha bese ngizodlala kulo mjaho,"

Lo msubathi uthe bese kusele indondo yeComrades ukuze abe umgijimi odla imihlanganisano emijahweni emikhulu kuleli.

"Kuma-SA Championship ngo-2008 ngaphuma phambili, kwi-Two Oceans ngo-2013 ngaphuma phambili kwathi kwiCity to City ngaphuma isithathu. Bese ngishoda ngegolide leComrades njengoba

nglitholile," kusho yena.

Lo msubathi ugijimela iTomTom siyabonisa yinkakha uJohn Hamlet osenqobise abagijimi abaningi okubalwa owadla umhlanganisano ngo-2015 uGiff Kelehe nomfowabo u-Andrew Kelehe ngo-2001.

UGatebe ugijime isikhathi eside ehambisana noLudwick Mamabolo owenze u-5:24:05 engena endaweni yesibili. Kuthe sekufikwa ePinetown kwacacela noma ngubani ukuthi uGatebe uyalivula igebe futhi mancane amathuba okuthi bayoke bambambe.

Kuzivumele umpetha wango-2012, uMamabolo, ukuthi uGatebe tubengabambeki.

"Ngihambe naye (uGatebe), ngambuza ukuthi obani abangaphambi kwethu. Ungitshele ukuthi owaseLesotho nowaseZimbabwe. Ngimtshelile



**UPHULE irekhodi washaya ama-push up uDavid Gatebe waseNorth West obetshengisa ukuthi akaphelile amandla yize ebeseigijime amakhilomitha angu-89 esuka eMgungundlovu eya eThekwini kwiComrades Marathon izolo**

ukuthi kumele siye phambili

siyobahlula ngathi uma enamandla akahambe. Uhambele kwaba nzima ukumfica ngoba ubegijima

kakhulu," kusho uMamabolo.

Endaweni yesithathu kungene uBongumusa Mthembu washaya isikhathi esingu 5:26:39.

# Umpetha weComrades uhlomule u-R1 million



**ABAPHUME** phambili kwiComrades Marathon ebisuka eMgungundlovu iza eThekwini uCharne Bosman noDavid Gatebe bobabili abangabaseNingizimu Afrika

Isithombe: DOCTOR NGCOBO